14/4/49 A6

AFRICAN NATIONAL CONGRESS. (NATAL.)

MPHATHI'SIHLALO,

MAKOSI no MPHAKATHI!!!

Ngiyanibingelela. Sihlangene lapha kulonyaka ngesikhathi sama Holiday okufa nokuvuka kwe Nkosi uJesu. Iningi labantu abakholwayo engabe balapha abakho ngoba lamalanga kubo makhulu futhi ayingcwele. Nakithina makhulu futhi impela. Mina ngithi kufanele nathi njengomhlangano wesizwe sihlangane ngalolu usuku, thina njengesizwe esafayo nesizama ukuvuka engcwabeni. Thina baleli izwe seloku safa ukufika kombuso wabamhlophe, salwa nabo, ngamandla esasinawo sahlulwa . Kwafanela sikhonze kubo ngako konke, semukele impilo yabo yonkana, samukele nendlela abakhonza ngayo, nendlela abaggoka ngayo, nendlela abadla ngayo, samukele nendlela okuthethwa ngayo amacala. Yiko loku okwenza ukuba sibe ngabaphendukile kuko konke esiyikona okuthe impatho esiphethwe ngayo yasingcwaba saba ngabafileyo. Sifile thina luHlanga oluNsundu. Noma sizovuka sesingabelungu ngako konke, noma sizovuka sise yiko loko esasiyiko befika abelungu kuleli izwe, ku umsebenzi wethu ukuba sisebenze sizame ukuvuka. Kodwa uma ngibuka impilo esiphile ngayo, kusukela ekugqokeni kwethu nenkolo nako konke ngikholwa ukuthi sovuka sesimdibi munye naye wonke uwonke.

Kulonyaka sihlangene ngesikhathi kubusa iNationalist Party eholwa uDr. D.F. Malan. Bonake bathi masizehlukanise nabo, siphile impilo yakithi, sithi noma sifunda sifundele okwethu, sakhe sodwa, sidlale sodwa, siphile impilo engahlangene nabo. Lamazwi azwakala kahle uma engena ezindlebeni kodwa uma esecatshangisiswa, umuntu esefumana ukuthi kuko konke ukuziphatha kuqondwe ukuba thina sihlale singaphansi kwabo singenalizwi ePalamende, singawuthengi umhlaba lapho sithanda khona, nemisebenzi etholisa imali igcinelwe bona. Loko umuntu kusuke kumdide ikhanda afikelwe inkolo yokuthi itshe limi ngothi.

Phezu kwawo lomcondo u Dr. Malan uyawela uya phesheya kumhlangano wabaphathi bemibuso ephansi kombuso ka King George. Njengoba iBandla lama Nationalist labe soloko lifuna songathi umbuso we Nyonyana ungaphuma wehlukane nobukhosi base Ngilandi, sekwenzakele ke ukuba ama Ndiya e Hindustan afune nawo ukuphuma phansi kobukhosi base Ngilandi. Kuzwakala songathi lesenzo sama Ndiya sesilibaxa elihle kuma Nationalist akulelizwe ngangoba isikhona inkulumo ethi inhloso ka Dr. Malan njengoba ewela nje ukuba umbuso we Nyonyana uphume phansi kobukhosi bama Ngisi kodwa usebenzelane noMbuso wakhona ngokuzwana. Lomcondo ubungafanele uphumelele singa...likhiphanga elethu ... njengabantu abangasenalo ithemba lenhlalakahle phansi kombuso weNyonyana. Kukhona nengozi yokuthi uma umbuso weNyonyana uphuma phansi kobukhosi bama Ngisi, kungahle kwenzeke ama Ngisi anikeze namazwe ase Swazini, Basutoland, nase Bechuanaland ukuba nawo abe phansi kwe Nyonyana. Usukhona umcondo kwabanye abaholi engisebenza nabo wokuthi kuhle kwenziwe incwadi yesicelo ithunyelwe kuMbuso wama Ngisi phesheya sokuba sikhishwe thina 'Ndlu emnyama yomdabu waleli izwe ekubusweni iNyonyana ngoba isibonisile ukuthi kayisifuni nokuthi kayifuni sithole amalungelo okuzithuthukisa nokuba nezwi ezindabeni zombuso. Bathi labaholi lesicelo kuhle sithunyelwe kuzo zonke izizwe zomhlaba zicelwe zisizane nathi sikhishwe phansi kwalombuso. Nginenkolo yokuthi lomcondo bazowuveza kini engethemba nowulalela nikhiphe nelenu izwi ngawo.

Thina.../

A6

Thina lapha kwa Zulu sabakhonza kakhulu abamhlophe kuze kube namhlanje sibakhonzile, amukho umuntu omnyama okhonze njengathi, okwethu ukubalungela kuze kufaniswe nokweziphukuphuku.

ISIKHWAMA SESIZWE.

Namhlanje umhlangano ka African National Congress uqalise ukufuya inkomo. Lenkomo esiyithengayo eseyithole, ngayo siconde ukuba sizicinise ukhakhayi singene ebudodeni.

Ngalamazwi ngisho ukuthi sakha isikhwama semali ngoba umuntu ongenayo imali kulelí izwe kandoda yalutho. Ufana nesibhamu esingenazo izinhlamvu, ufana ne Motor Car engenawo u-Petrol. Nathi uma siyisizwe, sinomhlangano wethu, kodwa imali singenayo asinamsebenzi walutho nempela. Noma sidelelwa ubani ngeke simumangalele, noma siboshwa singethenge naMmeli, noma kufanele siyozibika kwamanye amadoda alwaziyo usizi ngeke ngoba singeze sahamba ngalutho emhlabeni. Namhlanje izwe lifishane ngoba sekundizwa nase moyeni. Umuntu asuke lapha lulana nje aye eNgilandi noma e America noma eSwidi. Sesibonile ama-Kholwa athatha abanye bethu bayomela ukuyobika inqubekela phambili yobu Krestu. Kungefanele ngani thina njengenhlangano yesizwe siyoxoxela amadoda eminye imibuso eyethu inhlalo ebuhlungu, ecacambisa inhliziyo esiphatheke ngayo lapha ezweni lethu ukuba amadoda nabafazi bakithi ukwenziwa into yokondla esinye isizwe njengokungathi thina sathengwa ngemali sikwelinye izwe.

Nanka ama Ndiya okuyiwona athengwa ngemali ukuzolima umoba, kodwa namahlanje aphatheke ngcono kunathi.

Noma sikhala kodwa ukukhala kwethu ngeke kuzwakale ngoba iningi lethu alifuni ukuba senze umfelandawonye. Elinye iqembu lethu lima emagcumeni liyabhuqa, elinye lilele ezigodini licashile, elinye nanti khona lapha lizokona ngomlomo walo, kanti elinye liphethe amapeni ka inki liyabhidliza konke okwakhiwayo emaphepheni.

Thina aba Holi babantu kubhalwa ngathi ngesinye isikhathi uzwe sengathi ungalahla phansi umsebenzi wesizwe, kodwa uthi lapho usuzibuza uthi "Ngilahle bese kuthatha bani", ubusujabha!

Lapha e Tekwini kade kukhona isidumo esichithe igazi phakathi kwama Ndiya nabantu, kwavela abanye basizakala ngokutshena abelungu ngesingisi emaphepheni esintu ukuthi thina asibaHoli balutho. Endaweni yokuba bachazele izwe elimhlophe nelinjani icindiso lethu, nemizamo yethu. Kodwa ubuncinyane bezingcondo zabo babuveza obala ngempela. Mina no Dr. A.B. Xuma sasebenza umsebenzi omkhulu athi lapha ama Ndiya esibuza ukuthi abantu bawashayelani, mina ngawatshena ngathi kwenza ngoba asechoshile umuntu kasamazi ukuthi uyini. U Dr. Xuma njengoMongameli weZwe lonke beza kuye, yena wathi ukhona uMholi wase Natal okufanele nginithathe nginibeke kuyena anitshene icindiso. Nempela ngawatshena ama Ndiya into esixabanisayo. Umcebo wawo awenza kulelí izwe. Amathuba anawo awanikwa uHulumeni sekuwachoshisile. Nawo asemi ngenhla asizana nabelungu. Ku ilapho wona singazange silwe nawo. Lawa anama bus, anama plazi, anezitolo asho ngokusobala ukuthi kuphi okukayihlo wakho. Nasemsebenzini ufumana esengabelungu kulo koke abantu bewabona omnyama efana nathi. Futhi bazi ukuthi afika ngesibhalo lapha, bacasuka ke bawaphatha kabi. EMkhumbane kuze kuyofika e Mariannhill cisho kongena eMgungundlovu zashiswa izitolo zawo nezindlu abantu. Lapha e Tekwini basancaba ukukhwela ama bhasi awo ahamba eMkhumbane. Lonke leli icindiso salibeka phambi kwawo kuleyomihla-

ngano.../

A6

ngano abanye benu ababethi sihlanganelani no Congress wawo, mina ngazi ukuthi akubalekelwana nabaholi besizwe okuliwa naso. Lapha e Tekwini esesibili lesi isidumo ngisibona. Lesi sanamuhlanje sisihlazile thina Zulu ngoba siveze ubuncunu bethu. Namhlanje wonke uwonke uyazi ukuthi asinayo imali nokuthi asihlangene! Ukuba besinemali ngabe izitolo lezi ezethu ngabe nama bus awethu!

Amalungu ka Congress kuhle acabange isu lokuthi singenze njani ukuba sizakhele isikhwama semali ezobalwa ngezinkulungwane zompondo, lapho kufanele sithenge khona singancandwa ububphofu!

Noma sisuswa nge ndlovu-yangena phakathi kwabo kodwa lapho sizokwakha khona singadingi ukudla, singadingi izingubo, singadingi amageja okulima nezinto zokusithwala!

Nanso inselelo ebekwa phambi kwalomhlangano ngo 1949. Lapho sizobekwa khona masazi ukuthi siyisizwe. Niyabona abamhlophe bayahlangana uma kukhulunywa ngokuphatha omnyama, umahluko kuba ofana nosheleni nozuka. Uma ke kunjalo ithemba lethu likithina. Uma sizokwethembela ezihlotsheni zethu zomlomo, sizosala osizini, kodwa sizothembela emandleni ethu, emcondweni wethu, sihlale phansi sicebisane abafundileyo nabangafundile, amaKhosi akithi, nababuswayo, abangamaKrestu nabangewona, kodwa sihlangane ngobuzwe bethu ubu AFRIKA obuphelelevo. Ngeke asishiye owadala amazwe onke thina wasabela leli iAFRIKA. Akucali ngathi ukwehlulwa, bonke abahlulwayo baphathwa nzima. Namhlanje cabangani ngombuso omkhulu wamaJalimane nawo oke wabachoshela labo obusubehlulile, wabaphatha gadalala!

Cabanganini ukwehlulwa kwamaBhunu kulo leli, cabangani ukwehlulwa kwamaAbysinia, cabangani nangamaJapan. Thina ke okwethu kubanjezelwe ukungahlangani kwethu, kubanjezelwe ukungabi nayo imali, kubanjezelwe ububphofu. Simpofu siyanuka, silumana sodwa njengezinja. Iningi lethu alifundanga.

Lo Congress uhlalelwe ilowo msebenzi kwangathi wonke umuntu olapha eNdlini angazimisela ukusiza. Isifo esisibulalayo ukuba ilowo nalowo ufuna ukucala okwakhe. Kepha mina njengo Mongameli ka African Congress nginibizela enhlanganweni ye Sizwe endala i African Congress. Labo abayicalayo iningi labo basengcwabeni, sebeba nathi ngomoya. Masibambelele kuye u Congress, kasonile ngalutho, muhle, wawakhulula amaMelika, uwakhulule amaNdiya phesheya, nathi uyosikhulula uma sibambelela kuyena singamdeli.

Ukuhlangana amandla, isilisa nesifazane, ngasisondelana sifakane umcondo wokwakha nokuvusa isizwe sakithi kushunyayelwe ngazo zonke izintshumayelo. Namhlanje intshumayelo engibona ifanele u kwakha isikhwama semali ukuba sifudumalise uCongress. Nawabona amandla ka I.C.U. esenemali.

Ngibhekisa kini MaKhosi aphethe izifunda. Ngibhekisa kini bo Baba bethu. Zithelisen nina ngokwenu, yekanini isizwe senu, iningi imali esiyithelela u Hulumeni omhlophe. Kuyafuneka nathi sithelisane sodwa sakhe owethu uHulumeni. Niyaziwa uHulumeni futhi uyanithanda. Noma kunjalo ningakhohlwa ukuthi nesizwe senu siyanithanda. Kumasonto asezimele asaphendula iminyango kuwo ngithi leli ithuba elihle kakhulu kinina. Yekanini izindaba zamasonto nakhe izikole nakhe izitolo, sikhonze uJehova ngenkululeko. Ngiyabonga labo abangisizile ngo 1948. Lonyaka wabalukhuni kimina ngezikhathi eziningi. Nokhumbula ukuthi kuvele izikhathi ezimbili zoKhetho, okokucala kwaba ukhetho lwe Native Representative Council, lwaxabanisa lapha ku Congress, kwaphinda kwabakhona olwe Senate, nalo lwaxabanisa futhi kulo iKomidi, naku sekuvele izidumo zamaNdiya, kepha

zona.../

zona kwathi noma kuvela intuthu kodwa umlilo awubonakalanga. Noma ke nalabo abalwayo ulaka lwabo lwaphelela ezinhliziyweni.

Umhlangano wama Ndiya oMkhulu S.A.I. Congress Komidi ne-Komidi ka Zwelonke yethu i African Congress, ithe kuhle sisebenzelane nomhlangano we Natal Indian Congress. Lolu udaba luzabekwa phambi kwenu nibeke owenu umqondo. Uma abantu behlupheka bephatheke kabi njengathi njena abayeki ukuzifunela izihlobo, kanti kuyimfanelo noma uhlezi kahle ungayeki ukuzifunela izihlobo. Nankoke ama Ndiya athi imihlangano yethu ma ibambane ngezandla. Sizwelane emithwalweni esiyithwali swe abamhlophe. Kukinina ke namhlanje ukuba niveze elenu izwi. Elami sengilikhiphile ngathi ohluphekayo ufuna izihlobo.

Ningakhohlwa ukuthi nawo kasho onke - nawo kahlangene, kukhona aku Congress, kukhona aku Organisation, kukhona azihlalele nje ethapha umcebo we Afrika.

NINGAMADODA NANI ZICABANGENI OKWENU.

Ngingakaqedi nje kufanele ngiphawule loku. Abantu abaningi ngaphandle lapha bayakhala, bafuna ukuba abaholi babahambele. Kumbiko wo Mbhali nizobona ubunzima abutwele. Lo Mbhali indoda ekhuthele nezihluphayo kakhulu ngomsebenzi wokuhlanganisa isizwe. Kodwa akanako ukuphumelela ngenxa yokuba u Congress engenayo imali. Kulombiko nizobona ukuthi kukhona icala lemali elifika ku £55 elikweledwa u Congress. Nizobona ukuthi izindleko zokuhamba zodwa nje zibe u £57, nemali yeholo lomsizi wakhe u-£55 kulapho imali engenile ngamatikiti nangamagalelo ibe u £105. Izindleko zokuba nithunyelwe umbiko ngezingcingo konke loko kumsebenzi osindayo ku Mbhali wenu. Ngiyanicela ke nonke enilapha ukuba silicime lelicala lika £55 kuwo lomhlangano. Sengishilo ukuthi kuhle sizithelise thina. Ngicela ama Khosi enze amagalelo khona manje lokuba licinywe lelicala, nawo umphakathi ubonise kubantu abawusebenzelayo ukuthi uyafuna umsebenzi wesizwe uye phambili.

A.W.G. CHAMPION.
UMONGAMELI.

14th APRIL, 1949.
BANTU SOCIAL CENTRE,
D U R B A N.

Collection Number: A922

Allison Wessels George CHAMPION Papers, 1925-1959

PUBLISHER:
Publisher:- **Historical Papers Research Archive**
Location:- **Johannesburg**
©2013

LEGAL NOTICES:

Copyright Notice: All materials on the Historical Papers website are protected by South African copyright law and may not be reproduced, distributed, transmitted, displayed, or otherwise published in any format, without the prior written permission of the copyright owner.

Disclaimer and Terms of Use: Provided that you maintain all copyright and other notices contained therein, you may download material (one machine readable copy and one print copy per page) for your personal and/or educational non-commercial use only.

People using these records relating to the archives of Historical Papers, The Library, University of the Witwatersrand, Johannesburg, are reminded that such records sometimes contain material which is uncorroborated, inaccurate, distorted or untrue. While these digital records are true facsimiles of paper documents and the information contained herein is obtained from sources believed to be accurate and reliable, Historical Papers, University of the Witwatersrand has not independently verified their content. Consequently, the University is not responsible for any errors or omissions and excludes any and all liability for any errors in or omissions from the information on the website or any related information on third party websites accessible from this website.

This document is part of a collection held at the Historical Papers Research Archive at The University of the Witwatersrand, Johannesburg, South Africa.